**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EMONDLO NGOLWESINE MHLAKA 02 APRIL 2009**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Uhulumeni wethu usebenza akanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngephephile nengcono kubantu bonke. Siqinisekisa ukuthi ukwakhiwa kwengqalasizinda kuhlelwa ngendlela ezogwema izingozi. Kodwa phezu kokuzibophezela kwethu kwezokuphepha, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.

- Yingakho sithi kumele sonke sibambe iqhaza ukuqikelela indlela esiziphatha ngayo emgwaqeni. Izingozi zingagwemeka uma umuntu ngamunye ezokwazisa impilo yakhe.

- Njengabashayeli kumele siqikelele uma siphethe izimpilo zabantu. Futhi njengabagibeli kumele siqaphele ukuthi sihamba ngezithuthi eziphephile singazibeki thina qobo engozini.

- Ucwaningo luveza ukuthi iningi lezingozi lidalwa ngukuphulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kwenza kudingeke ngokushesha ukuthi kulungiswe isimo somqondo nendlela yokuziphatha kwabasebenzisa umgwaqo. Ibalelwa ku-R56 billion ngonyaka manje imali echitheka ngokufa nokulimala kwabantu ezingozini zomgwaqo.

- Njengoba sibheke ePhasikeni, uMnyango ngokusebenzisana namaBandla ezenkolo ehlukene uzoqinisekisa ukuthi umyalezo wezokuphepha uyafinyelela emazingeni aphansi. Asidingi ukulahlekelwa nangumphefumulo owodwa emgwaqeni.

- NgoLwesibili sethule uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngamaholide ePhasika KwaZulu-Natal lapho besibheka imikhankaso ezoqhubeka emasontweni ezayo.

- Kuleli Phasika sizoqinisa ezokugcinwa komthetho emigwaqeni yonke esifundazweni, sigxile kulokhu:

- Ukuphepha kwabahamba ngezinyawo
- Abashayela bephuzile
- Izithuthi zomphakathi namaveni
- Ukusika okungafanele
- Izimoto ezingenawo ama-number plate

- Lo Mnyango usuqhamuke nokuningi okunegalelo kwezomgwaqo njengokwehliswa kwezinga lotshwala kubashayeli lisuka ku-0.08 laya ku-0.05 no-0.02 kubashayeli abathutha umphakathi nempahla.

- NgoLwesibili, sethule ubuchwepheshe be-Automotive Number Plate Recognition (ANPR). Lobu chwepheshe bukwazi ukufunda i-number plate yemoto emile noma ehambayo bese kuvela konke okungalungile ngayo.

- Mangithathe leli thuba dudu emindenini yalaba abalandelayo:

| Name | Age | Gender | Residence | Occupation |
|---|---|---|---|---|
| Nokwazi Mthembu | 30 | Female | Kwangwelu near Nongoma | Proffessional Nurse |
| Dumisani Mthethwa | 55 | Male | Mvuyane | Worked in JBH |
| Wiseman Nkosi | 24 | Male | Mondlo | Unemployed |
| Thulisiwe Mthethwa | 24 | Female | Paulpietersburg | Worked in JHB |
| Nhlakanipho Khoza | 27 | Male | Lakeside | Nurse |
| Justice Mncube | 45 | Male | Mvuyane | Worked in JHB |
| Mlungisi Nyandeni | 26 | Male | East Mine | Taxi Driver |
| Linda Zondo | 26 | Male | Nondweni | Casual worker in Midrand |
| Zakhele Zondo | 42 | Male | Mondlo | Self employed |
| Absalom Mnyandu | 63 | Male | Kwangenetsheni Nongoma | Pensioner |
| Simon Mkhize | Not yet known | Male | The body was collected by his brother from Mamelodi to be buried in Swaziland | Unkonwn |

- Kuyacaca ukuthi ngempela izingozi zomgwaqo ziqeda abantu abanesandla kanjani emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengohulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima. Masihloniphe imithetho yomgwaqo. Phila uphilise nabanye, Live and let live!

**Ngiyabonga.**